



small business development

Department:
Small Business Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



sport, arts & culture

Department:
Sport, Arts and Culture
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Isimemo sezicelo zoSizo Lesikhwama se-COVID-19 semikhakha yobobuciko obubonwayo, yabemisebenzi bezandla, eyokuklama, kanye neyokubukwa kubonwe

UMnyango Wezokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane kanye no**Mnyango Wezemidlalo, Ubuciko Namasiko** ngokuhlanganyela umema amabhizinisi amancane naphakathi (ama-SMME) aseNingizimu Afrika, okopeletsheni kanye nabanikazi bamabhizinisi anomnikazi oyedwa asemikhakha yobobuciko obubonwayo, yabemisebenzi bezandla, eyokuklama, kanye neyokubukwa kubonwe ukuba bafake izicelo zesiKhwama Sosizo lwe-COVID-19.

Indlela yokufaneleka yama-SMME, yokopeletsheni kanye neyambhizinisi Anomnikazi oyedwa:

- a. Amabhizinisi anganikeza ubufakazi bokuthi ukusebenza kwawo kuthethelele kabi ngenxa yombulalazwe wegciwane le-corona;
- b. Amabhizinisi Anomnikazi Oyedwa ane-ID esemthethweni yaseNingizimu Afrika futhi anesitifiketi sokukhokhwa kwentela, futhi anganikeza ubufakazi bokuthi ukusebenza kwawo kuthethelele kabi ngenxa yombulalazwe wegciwane le-corona;

Bonke abafakizicelo bafanele bafeze lezi zidingo ezilandelayo:

- a. Inkampani/umsebenzi wobungcweti ufanele ube nobunikazi obungama-100% bezakhamuzi zaseNingizimu;
- b. Okungenai amaphesenti angama-70% abasebenzi afanele abe izakhamuzi zaseNingizimu Afrika;
- c. Kuzobekwa phambili amabhizinisi aphethwe ngabantu besimame, intsha kanye nabantu abanokukhubazeka;
- d. Inkampani/umsebenzi ufanele ubhalise futhi uhloniphe i-SARS.
- e. Inkampani/umsebenzi ufanele uhloniphe i-B-BBEE .
- f. Amabhizinisi anomnikazi oyedwa adinga ukufeza izidingo zika-a, c no-d ngenhla.

Inqubo yokufaka isicelo

Izicelo zokuthola imali yesiKhwama Sosizo lwe-Covid zifanele zithunyelwe **kwi-[ejensi/isigungu] esifundazweni sakho** ngokugcwalisa **ifomu lokufaka isicelo semali yoSizo Lwesikhwama se-COVID-19**. Imibhalo elandelayo ifanele ifakwe nesicelo:

- a. Incwadi yokusekela echaza ukuthi i-COVID-19 ibe nomthelela onjani emsebenzini/enkampanini yakho kanye nezinhlelo zakho zesikhathi esizayo. Le ncwadi akumele ibe ngaphezu kwekhasi elilodwa ubude.
- b. Ifomu lesicelo eligcwalisiwe
- c. Umsebenzi/inkampani wsebenza ngokomthetho:
 - o Iphrofayili yenkampani noma i-CV ekhombisa ukuthi wena kanye/noma inkampani yakho isisebenze isikhathi esingaphezu konyaka ngaphambi kokuba kushaye uMashi 2020. Nikeza ubufakazi bomsebenzi wakho wobungcweti, isib. isithombe somsebenzi wakho, izixhumanisi kuwebhusayithi/amakhasi kwizizinda zokuxhumana zomphakathi.
 - o Incwadi elanda ngawe evela kwiklayenti noma enhlanganweni efanele ukuze uqinisekise ukuthi ungumsebenzi kule mikhakha ebhalwe ngenhla nezibonelo zomsebenzi wakho.
 - o Izitatimende Zakamuva Zonyaka Wezimali noma ama-Akhawunti Okuphatha angekho madala ukwedlula izinyanga ezintathu kusukela ngosuku lokufaka isicelo noma izitatimende ze-akhawunti yasebhangwe zezinyanga ezi-3 ezedlule (lapho kwenzeka).
- d. Imibhalo Yokuhlonipa Imithetho (*ekhombisa lapho kusebenza khona kumabhizinisi abhalisiwe):



small business development

Department:
Small Business Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



sport, arts & culture

Department:
Sport, Arts and Culture
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

- o Ikhophi eqinisekisiwe ye-SA ID yomfakisicelo oyinhloko
 - o Isitifiketi Sokukhokhwa Kwentela Esisemthethweni noma i-PIN yentela
 - o Imibhalo ye-FICA (isib. ama-akhawunti kamasipala, incwadi evela kusiphathimandla sendabuko)
 - o Isitatimende se-akhawunti yasebhangwe sezinyanga ezintathu (3) esinezitembu
 - o Izitifiketi zokubhaliswa kopeletsheni kanye/noma izinkampani*
- e. I-afidavidi yosizo lwe-COVID-19 eeqinisekisa ukuthi:
- o Awukaze ube ngohlomulayo osizweni lwe-Covid-19; NOMA
 - o Uthole ukubonelelwa/usizo lwe-COVID-19, lapho ukhombise umthombo wosizo, inani lemali oyicelile kanye nenani lemali oyitholile;
 - o Ulwazi lwakho lezibalo zabantu (isimo se-B-BBEE status, abesimame, intsha, ukukhubazeka); kanye
 - o Inani labasebenzi kanye nelezakhamuzi ezingabasebenzi

Isicelo sakho (sicela ubheke **ifomu lesicelo soSizo Lesikhwama se-COVID-19 elifakiwe**) sifanele sifike **kwi[Ejensi/sizinda] esifundazweni sakho** ngaphambi noma mhla zi-19 Okthoba 2020 ngo-12h00 futhi sifanele sithunyelwe ku–

Amakheli e-imeyili asetshenziswayo.

1. Isifundazwe saseMpumalanga-Kapa

EC-relief@ecdc.co.za

2. IFreyistata

FS-relief@fdc.co.za

3. Isifundazwe saseGauteng

gauteng-relief@gauteng.net

4. Isifundazwe saKwaZulu-Natali

KZN-Relief@kzndac.gov.za

5. Isifundazwe saseLimpopo

Lim-relief@lieda.co.za

6. Isifundazwe saseMpumalanga

Mpu-relief@mega.gov.za

7. Isifundazwe saseNyakatho-Ntshonalanga

NW-relief@bbcdi.co.za

8. Isifundazwe saseNyakatho-Kapa

NC-relief@nceda.co.za

9. Isifundazwe saseNtshonalanga-Kapa

WC-relief@theccdi.org.za